*Izwi lakho. Umphakathi wakho. Amandla akho.*

UCHUNGECHUNGE LWEZINCWAJANA ZOLWAZI ZOHULUMENI BASEKHAYA

# Ukubamba Kwentsha Iqhaza Kohulumeni Basekhaya



MY MUNICIPALITY compact PARTICIPATE PLAN ACCOUNT

Le ncwajana ihlinzeka ngolwazi mayelana nohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika. Omasipala babaluleke kakhulu futhi bahlinzeka ngezinsizakalo ezenza ukuthi sikwazi ukuphila impilo enesithunzi futhi sihlale singumqemane.

# Ukuhlomisa Isizukulwane Esilandelayo Ukuze Komasipala Kube Nokuhlela Okubandakanya Wonke Umuntu

Le ncwajana yolwazi yenzelwe ukuhlomisa abantu abasha ukuba bakwazi ukubumba imiphakathi yabo ngenkuthalo, babe negalelo elibonakalayo ekuhleleni komasipala, futhi bathathe indawo yabo efanelekile ekuphathweni kohulumeni basekhaya eNingizimu Afrika.

## UTHI BEWAZI NJE? (AMAQINISO ASHESHAYO)

**Incazelo Yentsha:** ENingizimu Afrika, intsha ichazwa ngokusemthethweni njengabantu abaneminyaka ephakathi kwe-18 nama-35.

**Amandla Entsha:** Abantu abasha abaneminyaka eyi-18–35 bakha cishe ingxenye eyodwa kokuthathu esibalweni sabantu baseNingizimu Afrika sebebonke. Lena yingxenye yabantu ebaluleke kakhulu engaba namandla okubumba ingomuso lemiphakathi yethu.

**Isibalo Sabantu Abasha Abaphumayo Bayovota Okhethweni**: Okhethweni lohulumeni basekhaya lowezi-2021, bangama-20% nje kuphela abantu abasha abavota. Okwethweni lwezifundazwe nolukazwelonke lowezi-2024 isibalo sabantu abasha abavota saqhubeka nokuba ngaphansi kwama-30%. Lokhu kubonisa isidingo sokubandakanywa kakhudlwana kwentsha ezinqutsheni zentando yeningi.

**Ukumeleka Kwentsha ePhalamende eNingizimu Afrika:** Angama-3% kuphela aMalungu ePhalamende (ama-MP) aneminyaka yobudala engama-20–29. Angama-16.8% aneminyaka yobudala engama-30–39. Lokhu kubonisa ngokucacile igebe elikhona phakathi kwesibalo sabantu abasha sebebonke kanye nokumeleka kwabo ezinhlakeni okuthathwa kuzo izinqumo.

**Ukuqhathaniswa Komhlaba Wonke Jikelele:** Angama-2.8% amalungu amaphalamende emhlabeni wonke jikelele aneminyaka engama-30 noma ngaphansi kwalokho, ekubeni singaphezu kwama-50% isibalo sabantu abaneminyaka yobudala engaphansi kwengama-30 emhlabeni wonke jikelele. Amazwe anjenge-Norway (13.6%), Armenia (13.1%), kanye ne-Germany (8.8%) yiwona abonisa ukubandakanywa kakhudlwana kwentsha.

*"KUDINGEKA UKUTHI SIYIBHEKELELE INTSHA. IMIBONO YAYO IBALULEKILE."*

– Ilungu Lomphakathi

# Ukubamba Iqhaza Kwetsha: Okwesekwe Umthetho

ENingizimu Afrika, kunemithetho nezinqubomgomo ezihlukahlukene ezikhuthaza ukubandakanywa kwentsha, ikakhulukazi ekuphathweni kohulumeni basekhaya. Lokhu kusho ukuthi wena unelungelo lokukhuluma kuzwakale, uzwakalise imibono yakho futhi ulekelele ekuthathweni kwezinqumo nokwenziwa kwezinto ezinomthelela kwidolobha noma kwidolobhana olakhele!

**UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika (1996):** Unikeza intsha isiqiniseko selungelo lokubamba iqhaza ezinqumweni zikahulumeni. Ugqugquzela ubulungiswa nokungachemi, ukubandakanywa kanye nokuba yisakhamuzi esikhuthele.

**Uhlaka Lomthetho Odingidwayo (i-White Paper) Wohulumeni Basekhaya, (1998):** Lukhuthaza ohulumeni basekhaya ukuba basebenzisane nemiphakathi, kubandakanya nabantu abasha, ukuze kwenziwe ngcono ukuhlinzekwa kwezidingongqangi kanye nentuthuko.

**UMthetho Wezinhlelo Zomasipala (2000):** Udinga ukuthi omasipala bayibandakanye intsha ekuhleleni nasekuthathweni kwezinqumo, ikakhulukazi ngokusebenzisa uHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe (i-IDP).

**UMthetho Wezinhlaka Zomasipala (1998) kanye noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala (2003):** Ibeka imithethonqubo yokuthi kumele basebenze kanjani omasipala futhi kumele bayiphathe kanjani imali, okunikeza intsha ithuba lokuzibandakanya ekuthuthukisweni kwezindawo ezakhele.

**UMthetho Wophiko Lukazwelonke Lokuthuthukiswa Kwentsha, i-National Youth Development Agency (NYDA) Act (2008):** Wasungula i-NYDA ukuze ihole imizamo yokuthuthukisa intsha futhi kuqinisekiswe ukuthi abantu abasha bayabandakanywa ezinhlelweni zikazwelonke kanye nalezo zohulumeni basekhaya.

**Imihlahlandlela Yomasipala Eqondene Nentsha (2004):** Ikhuthaza omasipala ukuba basungule iziMpiko Zentsha (Youth Units) kanye neMikhandlu Yetsha ngenhloso yokweseka ukubandakanywa kwentsha ekuhleleni nasekuthathweni kwezinqumo.

**Inqubomgomo Kazwelonke Yentsha (2020–2030):** Lona umkhombandlela wokuhlomisa intsha ngokusebenzisa imfundo, amathuba omsebenzi, ezempilo kanye nokubandakanywa komphakathi. Ugqugquzela intuthuko ebandakanyayo futhi esabelayo.

**Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwezwe, i-National Development Plan (i-NDP 2030):** Luhlose ukuqeda ububha futhi lunciphise ukungalingani ngaphambi kokufika kowezi-2030. Lugcizelela ukubamba iqhaza kwentsha njengento engumgogodla wokwakha iNingizimu Afrika engcono.

**Uhlaka Lukazwelonke Lwemisebenzi Yentsha:** Lugqugquzela ukubandakanywa kwentsha emisebenzini yomphakathi kanye nasemiklanyweni yentuthuko yasendaweni.

**Uhlaka Lomthetho Odingidwayo Oluqondene Namalungelo Abantu Abanokukhubazeka (2015):** Luyaqinisekisa ukuthi abantu abasha abanokukhubazeka bayabandakanywa kuyo yonke imikhakha yempilo, kubandakanya nasekuphathweni kohulumeni basekhaya.

**UMthetho Wokuqasha Ngokulingana:** Weseka ukuphathwa ngendlela enobulungiswa nokungachemi kanye namathuba alinganayo kubo bonke abantu emsebenzini, kubandakanya netsha.

***"ESINYE SEZILINGANISO EZIBONISA UMBUSO ONENQUBEKELA PHAMBILI YINDLELA OPHATHA NGAYO INTSHA YAWO."***

– Dkt Essop Pahad, Uhlaka Lwenqubomgomo Kazwelonke Yokuthuthukiswa Kwentsha (2002-2007)

# Kungani Ukubamba Iqhaza Kwentsha Kubalulekile?

Izinqumo ezithathwa omasipala ziyithinta ngqo intsha: izinsizakalo, imisebenzi, ukuphepha, ukungcebeleka kanye nokunye.

**Intsha iletha imiqondo emisha kanye nezindlelakubuka ezintsha maqondana nezindaba eziphathelene nohulumeni basekhaya.**

**Ukubonisana netsha kugqugquzela imiphakathi ebandakanyayo futhi esimeme.**

**Isibalo esiphansi sentsha evotayo kanye nesibalo esiphansi sentsha ehambela imihlangano yomasipala kubonisa ukungabikhona kokuxhumana okuhle.** ***Kumele sikuguqule lokho!***

## YINI EYENZA UKUTHI INTSHA IHUDULE IZINYAWO?

- Ukungazethembi izikhungo zezepolitiki
- Imihlangano engekho esimweni esibhekelela intsha ngendlela efanele futhi okuyimihlangano efinyelelekayo kubantu abasha
- Amathuba ayingcosana okufaka isandla ngendlela ebonakalayo
- Ukuntuleka kwamathuba omsebenzi kanye nobubha obuphakeme kakhulu
- Ukufundiswa komphakathi okuphansi kakhulu

## BANGAZIBANDAKANYA KANJANI ABANTU ABASHA?

Lezi ngezinye zezindlela eziphathekayo ezingasetshenziswa yintsha ukubamba iqhaza komasipala:

- Ukuhambela imihlangano yoHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe (IDP) esigcemeni sakho
- Ukujoyina amakomidi ezigceme
- Ukungenela ukhetho lokuba ikhansela
- Ukusebenzisa izinkundla zokuxhumana
- Ukuba yivolontiya noma umuntu oqeqeshelwa emsebenzini (intern) kumasipala
- Ukuvota kanye nokukhuthaza abanye ukuthi bavote
- Ukugqugquzela ukuthi kwakhiwe izinhlaka zentsha

## EZINYE ZEZINDLELA ZOKUBAMBA IQHAZA


| **Uhlu-kuhlola (Checklist)** | **Yebo** | **Cha** |
|---|---|---|
| Ingabe usukubhalisele ukuvota okhethweni lohulumeni basekhaya? | | |
| Uyalazi ikhansela lesigceme sakho? | | |
| Uyawazi amalungu ekomidi lesigceme sakho? | | |
| Uke wawethamela umhlangano kamasipala? | | |
| Ingabe uyingxenye yeqembu lentsha noma lenhlangano yomphakathi? | | |
| Uyawulandela umasipala wakho ezinkundleni zokuxhumana? | | |


## YILUPHI USIZO NOKWESEKWA OKUMELE KUHLINZEKWE NGOMASIPALA?


- Kumele basungule iziMpiko Zentsha noma Imikhandlu Yentsha
- Kumele basebenzise izinkundla zobuxhakaxhaka besimanjemanje ukuhlinzeka ngolwazi kanye nembuyisambiko (feedback) noma izimpendulo
- Kumele bafundise umphakathi (civic education)
- Kumele babeke eqhulwini i-IDP kanye nokuhlelwa kwesabelomali
- Kumele bakhuthaze abantu abasha ukuba bangenele ukhetho lokuba ngamakhansela namalungu amakomidi ezigceme
- Kumele babambisane nezinhlangano zentsha (ezinjenge-Activate Change Drivers)


COMPACT has developed civic education pamphlets on several topics: understanding local government, accountability and oversight, municipal councillors, and ward committees. The Working Towards Collaborative Local Government guide provides very useful information about municipalities.

Visit https://pari.org.za/compact



# Inhlangano okugxilwe kuyo: Activate Change Drivers!

**I-Activate Change Drivers!** yisigcawu sentsha sokuxhumana, injongo yaso okuwukucija abantu abasha ukuthi babe yizakhamuzi ezikhuthele ezinekhono namandla okuqamba nokusungula izinhlelo nezindlelakusebenza ezintsha, okuyinto ezofaka isandla futhi ikhuthaze uguquko oluhle oluzohlomulisa umhlaba wonke. Le nhlangano beyilokhu iyiqaphe ngamehlo okhozi imihlangano ye-IDP komasipala abahlukahlukene ukuqinisekisa ukuthi amazwi entsha ayazwakala. Njengoba bekhona kuzo zonke izifundazwe eziyisishiyagalolunye, abagqugquzeli bentsha (*youth activators*):

- Bethamela futhi babike ngemihlangano ye-IDP
- Bagqugquzela intsha ukuthi ibambe iqhaza
- Baphishekela izinto eziseqhulwini entsheni ohlelweni lukamasipala

Ukuze ufunde kabanzi ngalokhu vakashela ku:
https://activatechangedrivers.co.za/



